


# UNKULUNKULU UKHONJWA

## NGEZIMILO ZAKHE

 Baba waseZulwini, siyaKubonga ngenhlanhla yokusiholela lapha eBeaumont, eTexas, futhi. Njengoba ngiqalaza kulabovulande basezitezi, ngikhumbula izikhathi ngenkathi sasilapha ngaphambili, nezinto ezinkulu Owazenza, akukho kungabaza abaningi balabobantu bahlezi ngaphandle khona lapha kulobubusuku. Ukuba Ubungayithintanga imizimba yabo egulayo, bebengeke babe lapha kulobubusuku, kodwa Ukwenzile, futhi balapha. Izinkumbulo eziningi ziyalibaleka, konke kuyohamba kuyongena ePhakadeni nathi.

<sup>2</sup> Sikhulekela ukuthi Uzosipha okukhulu ukuthululwa kukaMoya. Sibusise kanyekanye. Busisa lonke ibandla, lonke ilunga.

<sup>3</sup> Futhi, Nkosi, ikakhulukazi busisa umfowethu osemncane othandekayo lapha, uMfowethu Pearry Green, uphumela endaweni engaphambili ukuba azame ukuveza Lokhu. Kwangathi abantu ba—balelidolobha elithandekayo bangabona u—umuzwa lensizwa enawo ngabantu lapha, ukuba letha kuKristu emthandayo. Futhi uzama ukungenisa yonk'inkonzo abengacabanga ukuthi ibingakahle, ayihlole ngeZwi, futhi ufuna ukubona abantu besindisiwe.

<sup>4</sup> Sisize, Baba, emizamweni yethu, njengoba sizinikela kuWe senzela inkonzo, odumweni nasenkazimulweni kaNkulunkulu. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

<sup>5</sup> Manje, si . . . khumbula nje, ubusuku ngabunye manje, letha omunye kanye nawe, noma yiya ocingweni bese utshela omunye, bese utshela wonke umelusi, lonke ibandla. Akunandaba ukuthi yini, ngisho noma behluka kithi, inqobo nje uma ungangena, uhlale phansi, uziphathe kahle futhi ube kahle, sikuthokozela ngempela ukuba ube lapha.

<sup>6</sup> Futhi manje letha iBhayibheli lakho, letha ipensela, uhlele phansi indikimba. Hamba, ubafune ngaphandle, ubahlole ngeZwi futhi ubone ukuthi ngabe baqinisile noma qha. Niyabo? Bese kuthi-ke ungathathi isayense engeyakho yezenkolo, kuthathe nje ngendlela iBhayibheli elilotshwe ngayo. Uyabo, izikhathi eziningi singathi, “Lichaza *lokhu*, nakhu eLikuchazayo.” UNkulunkulu akadingi-mhumushi, Uhumusha iZwi laKhe Yena. Niyabo?

<sup>7</sup> UNkulunkulu wathi, “Makube-khona ukukhanya,” futhi kwaba-khona ukukhanya. Lokho akudinga—dinganga kuhunyushwa. U . . . Kwenzeka nje ngendlela Asho ngayo. Wathi,

“Intombi iyokhulelwa,” futhi yakhulelwa. Lokho akudingi-kuhunyushwa.

<sup>8</sup> UNkulunkulu wethembise izinto ezithize zalonyaka okuzofezeka! Wakusho, akudingi kuhunyushwa-ke. UNkulunkulu washo njalo, futhi Uyahumusha, qobo lwaKhe, ngakho ngakho-ke iBhayibheli lathi Alihunyushwa ngumuntu ngokwakhe. UNkulunkulu uhumusha iZwi laKhe uQobo ngokuLiqinisekisa.

<sup>9</sup> Manje angazi noma besingasukuma yini sisafunda iZwi laKhe, eNcwadini yamaHeberu, isahluko 1. Isizathu nginicela ukuba nime, kusekuhlonishweni kwaleliZwi. Ngikholwa ukuthi iZwi linguNkulunkulu, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu.” “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade,” leyo yindikimba yendaba yemikhankaso yethu. Ngakho-ke, uma sifunda ubuYena uqobo lwaKhe obubhalwe baba yincwadi lapha kuleliZwi, siyama. Uma senza isithembiso sokuthobela iflege, uma iflege lethu ledlula, siyama ekuhlonipheni iflege lakithi, isizwe sakithi, sifanele sikwenze. Manje-ke, sifanele kakhulu kangakanani ukuma uma sifunda iZwi likaNkulunkulu! AmaHeberu 1:1-3, njengoba sifunda.

*UNkulunkulu, esekhulumile endulo kokhokho ngabaprofethi ngamathuba amaningi nangezindlela eziningi,*

*Ekugcineni kwalemihla ukhulume kithina ngeNdodana yakhe, ayimise ibe-yindlalifa yakho phezu konke, owadala ngayo futhi amazwe;*

*Yona ethi phakathi ingukubengezela kwenkazimulo yakhe, ifuze yena uqobo, iphasa konke ngezwi lamandla ayo, isiyenzile ukuhlanzwa kwezono zethu, yahlala ngakwesokunene soMkhulu kweliphezulu;*

<sup>10</sup> Asikhuleke. Bangaki manje, namakhanda ethu ekhotheme nezinhliziyu, abangathanda ukukhunjulwa emkhulekweni, ukuthi ngalomhlangano, ndawo ndawo, uNkulunkulu uzonipha isicelo senu na? Phakamisa isandla sakho nje. INkosi iyasibona isandla sakho.

<sup>11</sup> Baba wethu waseZulwini, ngangokubona kwamehlo ami omuntu, kube nesinyokotho esiphelele sezandla. Impela isambulo sikaMfowethu Green nesifiso sami sokuza, besiqinisele. Manje, Baba, baphe isifiso sabo, ngokweZwi laKho nesithembiso saKho. Sibanikela kuWe. Futhi kwangathi izimpilo zethu zingafanelana kakhulu neZwi, ukuthi iZwi lizoba yinyama phakathi kwethu futhi lizonika abantu ukukholwa ukuba bakhiphe kwi akhawunti yabo eZulwini, uJesu abalungisela yona kudala, ngezono zabo nokugula, njengoba besendleleni. Sibusise manje, siyakhuleka, njengoba

silinda kuWe ukuba wembule kithi iZwi laKho, futhi uLenze inyama phakathi kwethu. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

<sup>12</sup> Manje ngingathanda, uma nje beningazama ukuba, ningabe nisayaluza kunalokho ebeningenzeka nisize, ngiqonde ukusukuma futhi nihambe, kuze nje kube engamashumi amane-nanhlanu elandelayo, imizuzu engamashumi amahlanu, into efana naleyo. Manje, i—i str- . . .

<sup>13</sup> Into iyilokhu, sifuna ukwazi ukuthi yini iQiniso. Nalelo yilona-Qiniso kuphela engilaziyo, yiBhayibheli. Manje, uNkulunkulu uzokwehlulela izwe ngoluny'usuku, siyakukholwa lokho, futhi ngamunye wethu esifayo uzoletswa eBukhoni baKhe ukuba ehlulelwe. Nginamanothi ambalwa abhalwe akhishelwa lapha, nemiBhalo engifuna ukubhekisela kuyo emizuzwini embalwa.

<sup>14</sup> Manje khumbulani, ukuba bengingabuza kulobubusuku, “Ngabe likhona iKatolika lapha na?”

“Yebo,” bebengasho. Futhi mhlampe . . .

“Awu, uNkulunkulu uyolehlulela ngani izwe na?”

Bebengathi, “Ibandla eliKatolika.”

<sup>15</sup> Khona-ke bengingaphendula ngithi, “Liphi lona ibandla eliKatolika na?” Awavumelani. Kunenqwaba yokungavumelani. Omunye uyiRoma, nomunye uyiGriki, nebandla loMthetho, kanjalonjalo. Sinenqwaba. Ukuba bengingathi . . .

<sup>16</sup> iMethodisti ibizosukuma, ithi, “Uyolehlulela ngebandla leMethodisti.” Awu, uma lokho kunjalo, khona-ke iBaptisti ayinathuba. Futhi uma belehlulela ngeBaptisti, khona-ke iMethodisti ayinathuba.

<sup>17</sup> Ngoba, khumbulani, okukodwa okuncane ukucashunwa ngokungesikho kweZwi, elilodwa (hhayi konke, nje hhayi konke okwevesi elilodwa), okukodwa nje okuncinyane kokulikholwa ngokungesikho iZwi, kwabangela konke ukufa, konke ukugula, lonke usizi. Lowo kwakunguEva, ensimini yase-Edene. Manje uma konke lokhu kwabiza lokho, ngenenekazi elilodwa nje liliqonda ngokungesikho iZwi . . . A—alikwenzanga ngamabomu, la “dukiswa,” iBhayibheli lasho. “Ladukiswa,” ngeZwi, kwabangela konke lokhu, khona-ke wena nami asibuyeli emuva nanoma yini engaphansi kwalo lonke iZwi.

<sup>18</sup> Manje, ngiyakholwa, iBhayibheli lithi Akayikukwenza, angikholwa ukuthi uNkulunkulu uyokwehlulela izwe ngebandla lePentecostal, ngeMethodisti, iBaptisti, noma iKatolika. Uyolehlulela ngoJesu Kristu, Washo njalo. NoKristu uyiZwi, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu. Onguyena izolo, namuhla, naphakade.”

<sup>19</sup> Yonk'into iyiPhakade elikhulu. IPhakade alizange liqale futhi alisoze laphela. Ngakho-ke, kulona oMkhulu oPhakade kwakuyizingxenye ezingahlukaniseki, ukuba nguBaba, ukuba yiNdodana, ukuba nguMsindisi, ukuba ngumPhilisi, nazo zonke lezizinto yayikuYe. Futhi into kuphela eyenzeka manje, ngukuveza obala izingxenye zaKhe ezingahlukaniseki. Yilokho kuphela.

<sup>20</sup> Manje, amagama ethu afakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Futhi nxa iZwi lishaya lokho, uma kuyinoma yikuphi ukukhanya okumiselwe ukuPhila, uJesu wathi, "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonisi, nakho konke uBaba waMi aNgiphe khona kuyakuza kiMi." Ngakho, niyabo, yiZwi, njalonjalo, iZwi, iZwi.

<sup>21</sup> Manje, ngifuna ukukhuluma kulobubusuku phezu kwendaba, ngidonsa engqikithini ephuma kulendikimba esiyifundayo, *UNKulunkulu UKhonjwa NgeZimilo zaKhe*.

<sup>22</sup> Manje, cishe impela yonke into esiyitholayo ingakhonjwa ngezimilo zayo.

<sup>23</sup> Manje, siyaqaphela, njengasempilweni yesilwane, thatha njengasempilweni yenyoni. Manje, thatha njenge—innyoni iyelohama efana nesiqophamuthi, uma indiza, nenyoni etshwekeza kakhulu, zibukeka zifana kakhulu impela. Kodwa isimilo sesimo senyoni iyelohama, ibhakuzisa amaphiko ayo bese iqathaka, bese-ke yehla yenyuka, yehle yenyuka. Leso yisimilo sesimo. Uma uqaphela, innyoni etshwekeza kakhulu indiza kakhulu okwequlu lezinyosi.

<sup>24</sup> Bhekisisa isigwaca uma siphuma, ibobwhite, ukuthi sindiza kanjani. Bhekisisa isigwaca iGambel uma siphuma, nina bazingeli. Niyabo, kunokwehluka. Bhekisisani innyoni ijekhsnipe nenyoni iWilson's snipe, isimilo sesimo sinquma ukuthi iyini.

<sup>25</sup> Imvu enkulu imi engeleni, uma ibifulathele, ingxenye yangemuva yesinqe imhlophe, enye ingxenye impunga. Uma ubungazazi izimilo zezimo zaleyomvu, bekungaba yinyamazane idiye. Niyabo? Niyabo, ufanele wazi izimilo zezimo zazo, ukubona ukuthi yini nokuthi yini engesiyo. Izinto eziningi ebesingaqhubeka ekunitsheleni ngempilo yesilwane.

<sup>26</sup> Manje-ke sehlela empilweni yomuntu, izimilo zezimo phakathi kowesilisa nowesifazane. Kunomehluko. Bobabili bayisidalwa esingumuntu, kodwa izimilo zezimo zobulili obubili ziyabubonisa. Ngangifunda ngesinye isikhathi esedlule ngenye yezinkinga eyabekwa e—ekuvivinyweni kukaSolomoni, yindlovukazi, ukuthi yayinabanye besifazane ababegqoke njengabesilisa. NoSolomoni wayenabo ukuba bahambe futhi benze izinto ezimbalwa, ngokushesha wathi, "Labo ngabesifazane." Niyabo, ngenxa yokuthi wakwazi ukubona ngendlela ababenza ngayo, ukuthi i—izimilo zezimo zabo kwakungabesifazane. Kunokuthize ngakho, ukuthi ungeke

wakufihla, ngo—ngowesifazane ngoba isimilo sesimo sakhe—sakhe siyamkhombisa ukuthi ngowesifazane.

<sup>27</sup> Kufana nje nesandla sokudla nesandla sokunxele kubantu. Bobabili bangabantu. Bhekisisa, nomunye wabo uyisikudla nomunye uyinxele. Bhekisisa indlela izimilo zezimo zabo ziyababonisa, ungabona noma ngabe bayisikudla noma bangamanxele noma qha. Niyabo? Nokho bobabili banezandla, zombili izandla zibukeka zifana impela nje, zifana impela nje.

<sup>28</sup> Ngingahle ngiqathaze intwana ethize lapha. UJesu washo, kuMathewu, isahluko 24, ukuthi “Ngezinsuku zokugcina, imimoya emibili iyosondelana kakhulu ndawonye ibiyoze idukise nabakhethiweyo impela uma kwakunokwenzeka.”

<sup>29</sup> Manje, lokho kufana nje nokubuka isandla sokudla nesandla sokunxele. Zombili zinezithupha, iminwe, izinzipho, ocikicane, iminwe ephakathi nendawo, kanjalonjalo, unkomba, yonke yiminwe ehlukeni. Yona, yomibili imilobo yezithupha, kuphela owodwa nje uphenduke ngenye indlela nomunye, kokubili ngumlobo ofanayo, wenziwe ngendlela efanayo, imilobo yezithupha. Yonk’into ifana ngokufana ncimishi, umehluko kuphela yisimilo sesimo saso. Esinye yisandla sokunxele nesinye yisandla sokudla, yilowo kuphela umehluko.

<sup>30</sup> Futhi nje leyo yindlela imimoya eyoba ngayo ngosuku lokugcina, iyo, isimilo sesimo nje sawo siyobonisa ukuthi ngabe okaNkulunkulu noma qha. Omunye wayo uyoba ngoqinisileyo nomunye uyoba ngonephutha, uyowazi kuphela ngesimilo sesimo sikaNkulunkulu. Ngokuphelele nje, uyofanele ube ngaleyondlela. Kodwa isandla sokudla, besingathi si “qinisile,” nesandla sokunxele besi “nephutha,” niyabo, noma ngapha nangapha, esinye sazo. Zinqunywa ngezimilo zezimo zazo. Kuphela ungasazi ngesimilo sesimo saso.

<sup>31</sup> Njengoba uIsrayeli wayesohambweni lwakhe, ekhuphuka ephuma eGibhithe. Manje, uNkulunkulu wayenoIsrayeli, Wayebakhombise isibonakaliso esikhulu ezansi lapho, wathumela umprofethi kubo wayeseKhomba iZwi laKhe elilotshiwe. Futhi lapho Ebakhuphula, sibhekisisa izimilo zezimo zaKhe, ukuthi Wahlangana kanjani noMose, izinto Azenza. Futhi kokwakhe...umgwaqo onyukayo, beza kwesinye isizwe, okwakunguMowabi. NabakwaMowabi babayisizwe esikhulu, manje, hhayi umhedeni, nhlobo. Lowo kwakungabantwana bamadodakazi kaLoti, futhi babengamakholwa. Manje, bhekisisani izizwe ezimbili. Esinye sazo siyisizwe esaziswayo, esinye sazo singumgongobali nje. Futhi manje zifika endaweni ukuthi lesisizwe esikhulu sakwaMowabi silele ngokuqonde ngqo emgqeni wendlela yabo yomsebenzi, ukuya ezweni elithenjisiwe. Manje babene. . .

<sup>32</sup> Bukani i—izizwe ezimbili, ngasinye sazo sasinomprofethi. Omunye wabo kwakunguthisha omkhulu nomprofethi, uBalami.

Omunye kwakunguMose. Manje uBalami wehla evela... ukuqalekisa uIsrayeli.

<sup>33</sup> Futhi, qaphelani, bobabili babengabaqavile uqobo. Umprofethi, abaqavile abavela kuBalami, wathi, “Ngakheleni ama altare ayisikhombisa,” leyo yinombolo kaNkulunkulu impela. “Futhi wanikela phezu kwe altare ngalinye umhlatshelo ohlanzekile, inkunzi,” okungumhlatshelo ofana impela ababenawo ezansi ekamu likaIsrayeli. Wayesethi, “Phezu kwe altare ngalinye futhi ninikele ngenqama,” ikhuluma ngokufika kukaKristu. Futhi ezansi kwaIsrayeli banikela ngomhlatshelo ofanayo.

<sup>34</sup> Ama altare afanayo, uNkulunkulu ofanayo, kodwa omunye wabo wayenephutha nomunye wayeqinisile. Futhi manje indlela kuphela owawungabona ngayo ukuthi kwakuyimuphi... Uma sekufika, ngokuqavile, eZwini, bobabili babeqinisile. Kodwa, niyabo, oyedwa, izinjongo zakhe yayinephutha, wayezama ukunquma umfowabo emgqeni wesithembiso uNkulunkulu ayemnike sona.

<sup>35</sup> Eny’into, oyedwa, umprofethi kaBalami, wayengobaqavile, kodwa umprofethi uMose wakhonjwa ngezimilo zezimo zikaNkulunkulu. KwakuneNsika yoMlilo, ukuKhanya okungaphezu kwemvelo kulenga phezu kwabo. Futhi kwakunokukhulu ukuphiliswa ekamu labo, uNkulunkulu ongaphezu kwemvelo ekhombisa izibonakaliso ezingaphezu kwemvelo. Futhi babehlala neZwi impela lesithembiso uNkulunkulu alinika uAbrahama emuva ngesikhathi lapho zombili izizwe ziqala. Kodwa, manje, uMose wayenesithembiso sika Abrahama, eya ezweni elithenjisiwe. UBalami, naye umprofethi weNkosi, emi ezansi lapho. Futhi indlela kuphela owawungakhomba ngayo, hhayi ngokufundisa kwabo okuqavile, kodwa ngesimilo sesimo sikaNkulunkulu.

<sup>36</sup> Kwakunomsindo we—wenhloko yephimbo leNkosi ezansi lapha noIsrayeli. Ukubuyisana kwase kusebenza, iNyoka yeThusi, iDwala elishayiwe. NoNkulunkulu wayenabo, ezikhomba Yena uqobo ekuKhanyeni okungaphezu kwemvelo, futhi ephilisa ukugula kwabo nezifo lapho beqhubeka. Izimilo zezimo zafakazisa ukuthi Wayeyini, ehlala emgqeni weZwi lalowonyaka, lonyaka ababephila kuwo. Izimilo zezimo zikaNkulunkulu zamkhomba Yena uqobo enoMose. Niyabo, izimilo zezimo zikaNkulunkulu zakhonjwa noMose. INsika yoMlilo, ukubuyisana kusebenza, elingaphezu kwemvelo, iDwala elashaywayo, futhi ba...futhi iNyoka yeThusi, ikhuluma ngokuphiliswa, kwase kuthi-ke—kuthi-ke futhi babesemgqeni womsebenzi, wesithembiso sikaNkulunkulu.

<sup>37</sup> Futhi, izimilo zezimo zikaNkulunkulu asisikho okwemvelo. Isimilo sesimo sikaNkulunkulu singaphezu kwemvelo, ngoba UnguMdali. UngaPhezu kwemvelo. Futhi uma

isimilo sesimo sikaNkulunkulu siqala ukuziveza obala, kungokungejwayelekile kakhulu ekucabangeni kwesimodeni ukuthi kubaphosa basuke emgqeni. BangeKuqonde, nokho Akadedi neze esithembisweni saKhe. UNkulunkulu kuyo yonke iminyaka, ngishilo, wabele iZwi.

<sup>38</sup> Ake sithathe nje, isibonelo, oyedwa. Kwakukhona uJosefa, umyeni kaMariya. Futhi manje wayethembisene nalentombi, futhi babezoshada. Kodwa manje-ke bengakahlangani, wafunyanwa enomntwana kaMoya oNgcwele.

<sup>39</sup> Manje, sonke siyakukholwa lokho, uma singamaKristu. Sifanele sikukholwe ukuze sibe ngumKristu. Lelo yiBhayibheli. Nifanele nilikholwe lonke iZwi eBhayibheli, ukuba ngumKristu. Manje, ngoba uma uMoya oNgcwele uphakathi *lapha*, Uyogcizelela lonke iZwi naso sonke isithembiso ngo “amen.”

<sup>40</sup> Ngoba, manje, uJosefa wayengumuntu olungileyo, wayengumuntu ozilungele. Futhi akungabazeki ukuthi uMariya wayemtshelile ngokuvakasha kukaGabriyeli, nokuthi wayezosibekelwa kanjani nguMoya oNgcwele, futhi wayezokhulelwa futhi azale iNdodana, neGama laYo lalizothiwa ngu “Jesu,” ukuthi kufanele ukuthi wakusho kanjani lokho kuJosefa. NoJosefa wayebuka amehlo akhe amakhulu ansundu, futhi wayebubona ubuqotho bawo, futhi wayefuna ukukukholwa lokho. Wayefuna ukukukholwa ngayo yonke inhliziyo yakhe, nokho kwakungokungejwayelekile kakhulu, futhi wayefuna ukumlahla, ngasese.

<sup>41</sup> Manje, uma umuntu eqotho kukho, uNkulunkulu uyokwenza indlela ethize ukukhombisa lowomuntu ukuthi kuyiQiniso. Ubophezelekile, uma uqotho. Uma uLibona, futhi usuke kuLo, khona-ke uzokwehlulelwa. Kodwa, uma uqotho futhi ubona iQiniso!

Manje, uJosefa nje waye “zimisele.” Wathi, “Akwejwayelekile kakhulu!”

<sup>42</sup> Yileyondlela namhlanje, ukuthi abantu, amadoda alungileyo, amadoda akahle, amadoda anesimilo esihle, abefundisi abakahle, abaningi babo, abapristi kanjalonjalo, bangamadoda alungileyo, kodwa ukuqinisekiswa okungaphezu kwemvelo kwesithembiso salolusuku asejwayelekile kakhulu, sibantshinga sibasuse esilinganisweni sabo. Siyakwenza lokho ngoba kungukuveza obala isimilo sesimo sikaNkulunkulu.

<sup>43</sup> Manje, uJosefa, umyeni wakhe, engumuntu olungileyo, engathandi ukumthela ihlazo. Akakwazanga ukukukholwa; wa—wazama ukukukholwa. Kodwa esazindla ngalezizinto, iNgelosi yeNkosi yakhuluma kuye futhi yamtshelela.

<sup>44</sup> Manje, Akadingi njalo ukuba adingeke ukuba akhulume ngephupho, Angazembula Yena uqobo kuwe ngeZwi, futhi akukhombise ukuthi Liqinisile, uma uqotho ngokwenele

ukubuka kuLo futhi ubone ukuthi ngabe yisimilo sesimo sikaNkulunkulu yini esiziveza sona obala, kodwa njalo ngakho konke ukuzwana neZwi elithenjisiwe.

45 Futhi enye into, iZwi likaNkulunkulu njalo liyakuqondisa ukweduka. Niyakukholwa lokho na? IZwi liyakuxazulula. Nxa uNkulunkulu eqinisekisa leloZwi, kuyakuxazulula.

46 Manje ake si, okukodwa nje emqondweni wami engithanda ukukucabanga. Asizukuthatha isikhathi esiningi kakhulu, ngoba sifuna ukukhulekela abanye abagulayo. Ake sibone. Ngenkathi uJesu, eyiZwi. . . IBhayibheli lathi WayeyiZwi. Sonke siyavumelana nalokho, ukuthi WayeyiZwi. Qaphelani ngenkathi Eneminyaka eyishumi nambili ubudala. Manje, asinakho okuqoshwe phansi ngaYe eya esikoleni. Kodwa uMfanyana oneminyaka eyishumi nambili ubudala ethi akabe mude *kangaka*, bona, umzali waKhe, uMariya noJosefa benyukela ethempelini uku. . . benyukela e. . . ukuyokhonza ngephasika. Futhi besephezulu lapho, baqala ukubuyela ekhaya emva kwephasika, babenohambo lwezinsuku ezintathu, futhi abamfumananga ndawo uJesu. Futhi ekugcineni baMfumana, emva kwezinsuku ezintathu beMcinga, ethempelini, ephikisana ngeZwi likaNkulunkulu nalawomalunga amadala.

47 Futhi lalalani uMariya manje. Manje kubantu abamthatha ngokuthi ungunkulunkulukazi, bukani. Niyabo, o—owesifazane wadukiswa ekuqaleni. Futhi mbhekisiseni lapha. Uma ningazange nikuqaphele, bhekisisani lokhu. Wathi, “Uyihlo nami besiKufuna, ngezinyembezi.” Qaphelani, walahla ubufakazi (phambi kwalabo bapristi) afakaza ngabo. Wathi waye “khuleliswe nguMoya oNgcwele,” futhi lapha wabiza “uJosefa” ngobaba waKhe.

48 Manje bhekisisani lowoMfana oneminyaka eyishumi nambili ubudala, eyiZwi lalohora. WayeyiZwi elithenjiselwe lelohora, uMesiya ogcotshiweyo. Bhekisisani ukuthi Wathini, “Anazi yini ukuthi kumelwe ukuba Ngibe semsebenzini kaBaba waMi na?” IZwi liqondisa ukweduka. Niyabo, nongaPhezu kwemvelo, uMntwana oneminyaka eyishumi nambili ubudala! Angicabangi ukuthi uJesu wakuqonda Akusho, kodwa WayeyiZwi, neZwi liqondisa ukweduka. Niyabo, Waqondisa umama waKhe, futhi wamsola ngokusho njalo. Manje, ukuba kwakukade kungu—kade kungumsebenzi kababa waKhe, Wayeyo ekade enobaba waKhe, ukuba uJosefa wayengubaba waKhe.

49 Kodwa, niyabo, yena edabuke wonke futhi exhuxhuma, njengoba wayenjalo uEva, futhi ethonyekile, ngani, wathi, “Uyihlo nami besiKufuna, ngezinyembezi.”

50 Wathi, “Anazi yini ukuthi Ngimelwe ngibe semsebenzini kaBaba waMi na?” Niyabona ukuthi iZwi liqondisa kanjani, Liqondisa ukweduka.



<sup>51</sup> USathane wenza iphutha ngenkathi ezama ukulinga uJesu. Kodwa Ubuya neZwi laKhe uQobo, wayesemehlula ngeZwi.

<sup>52</sup> “UNkulunkulu,” iBhayibheli lasho lapha, “endulo nangezikhathi eziningi, wazikhomba Yena uqobo kubaprofethi baKhe, Wakhuluma kokhokho ngabaprofethi.” Manje, ekhombisa isimilo sesimo saKhe sokuzikhomba Yena uqobo, niyabo, kumuntu, Wakhuluma kubaprofethi. Abaprofethi, imibono yabo, eqinisekisiwe, kwa—kwakuyisimilo sesimo sikaNkulunkulu esenziwe saziswa ngombono womprofethi.

<sup>53</sup> Manje, akukho-muntu ongachaza umbono, ayikho indlela yokukwenza. Kungaphezu kwemvelo. Kuyinto obonayo ukuthi ibiyini, ukuthi iyini, nokuthi izoba yini. Naleyo kwakuyindlela kaNkulunkulu, yokuthuma umuntu owakhuluma lezozinto futhi wakhombisa izinto eziyofezeka (hhayi nje kulobubusuku) njalo ebusuku, ngaso sonke isikhathi. Yonke into ayisho yayiba ngephelele neNkosi, yayidingeka ibe yiZwi leNkosi.

<sup>54</sup> Ngalokhu, iziphiwo nokubiza kungaphandle kokuphenduka. Ungeke wenza amehlo akho abe nsundu uma el’hlaza s’bhakabhaka. Ungeke wazenza ube ngamafidi ayisithupha uma kuphela ungamafidi amane. “Ngubani ongalekela ebudeni bakhe ingalo ibenye ngokukhathazeka na?” Thina siyilokho, sobabili, esiyikho ngomusa kaNkulunkulu.

<sup>55</sup> Manje, iziphiwo nokubiza kungaphandle kokuphenduka. Lababaprofethi bazalwa bengabaprofethi. UMose wazalwa engumntwana omuhle. UJesu wayeyiNdodana kaNkulunkulu, kusukela ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ingxenye engahlukaniseki kaNkulunkulu. UJeremiya...-shumi nambili, iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili, ngikholwa ukuthi kwakuyiyo, engakazalwa, wayeyizwi loyedwa... Qhabo, ngiyaxolisa. Wabekwa umprofethi ezizweni, futhi wa—futhi wangcweliswa ezizalweni zikanina futhi wabekwa umprofethi ezizweni. UJohane umBhaphathizi, engicabanga ngaye, kuyiminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili engakazalwa. Wayeyizwi lomemeza ehlane.

<sup>56</sup> Niyabo, nguNkulunkulu ebeka. Uthuma umuntu, athathe iZwi lalowonyaka. Kodwa manje ngaphambi kokuba ukwazi ukukholwa leloZwi lalowonyaka, Uzikhomba Yena uqobo esimilweni sesimo saKhe, niyabo, ngokwazi, ngombono. Washo izinto ezaziyokwenzeka, futhi kuyenzeka. NoNkulunkulu wathi, “Uma lokho kwenzeka, khona-ke uyakholwa ukuthi unokuhunyushwa kweZwi, ngoba iZwi leNkosi liza kulomuntu.” Nezincwadi zakhe ezimchazayo ukhonjwa ngokuba ngumboni, eTestamenteni eLidala. Nje ngokucace bha! Izimilo zezimo zakhe siyakhonjwa, saziswe, izimilo zezimo zakhe.

<sup>57</sup> Manje, kwaba kanjalo ukuthi “UNkulunkulu wasebenza kanjani endulo,” iBhayibheli lathi, “ngezindlela eziningi,

Wakhululma kokhokho ngabaprofethi, kodwa ngalona imihla yokugcina ngoJesu Kristu, iNdodana yaKhe, Uyakhuluma.”

<sup>58</sup> Manje, uJesu wathi, kuJohane 10:37, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa.”

Niyabo, bathi, “Wena unguMuntu, futhi Uzenza uNkulunkulu.”

<sup>59</sup> Wathi, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa.” Manje Wathi, “UJohane wayengokugqamile nokukhanya okukhanyayo. Wena, omkhulu, uyathanda ukuhamba ekukhanyeni kwakhe okwesikhashana. Manje uJohane wathi, ‘Ngimele ngiphume; Umele Akhule.’” WayengukuKhanya kwezwe, ngoba Wayengeliqinisekisiwe, iZwi elikhonjiwe elenziwe inyama. Niyabo, WayenguNkulunkulu unathi.

<sup>60</sup> Abaprofethi babenguNkulunkulu enabo. UJesu washo njalo. Wathi, “Uma nibiza labo iZwi likaNkulunkulu eleza kubo, ‘ngonkulunkulu,’ ningaNgilahla kanjani mina uma Ngithi NgiyiNdodana kaNkulunkulu na?” Niyabo? Ngakho laphe iZwi elikhulunywe nguNkulunkulu lingeliqinisekisiweyo, khona-ke lowo nguNkulunkulu Ezazisa ngesimilo sesimo saKhe, egcwalisa iZwi laKhe. Alidingi-kuhunyushwa. Selivele lihunyushiwe, qobo lwaLo, liyafakazisa ukuthi Liyini.

<sup>61</sup> Kuyafana nje njengoba Athi, “Makube-khona ukukhanya” futhi kwaba-khona ukukhanya, awudingi ukuba uthi, “Awu, kwakuchaza ukuthini lokho na?” Kuyachaza nje, nakho, lokho kuyakufakazisa. Sekuvele kuyafezeka.

<sup>62</sup> Manje uJesu washo ukuthi, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi,” noma ngamany’amazwi, “uma Ngingenaso isimilo sesimo sikaBaba waMi, ningakukholwa. Ikhomba isimilo saMi, ukuthi Ngingubani. Uma ningenakuNgikholwa, khona-ke kholwani yinkomba uNkulunkulu ayinikezile. Uma ni—uma ninga...Uma Ngingakwenzi, uma isimilo saMi singakhombi isikhundla saMi, khona-ke ningazikholwa izisho zaMi.” Niyabo? Niyakuthola kulobubusuku na? Bangaki okukholwayo, phakamisa isandla sakho. Niyabo? “Uma isimilo saMi singakukhombi Engizisho ukuthi Ngiyikho,” kwasho uJesu, “khona-ke kholwani yi...Uma ningenakuNgikholwa, ngani, nje kholwani i—i—inkomba yesimilo eNgiyiso.”

<sup>63</sup> UJohane 14:12, “Okholwa” uJesu wathi “yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.” Manje bukani, “Okholwa yiMi,” ikholwa leqiniso, “imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.” Qaphelani. Ngamany’amazwi, njengalokhu, “Okholwa yiMi, uyokhonjwa ngesimilo sesimo saMi, imisebenzi.” Manje, yilokho Akwenza. Wathi, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba, khona-ke ningaNgikholwa.” NoBaba wakhuluma kubaprofethi, nalokho kwakuyisimilo sesimo sabo, inkomba. Yayikanjalalo nangoJesu. Futhi wakwethembisa kuye

okholwayo, “Izimilo zezimo zaMi ziyokwenza kuye njengoba nje senza kiMi. Futhi uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa uma Ngenza imisebenzi, futhi ningenakuNgikholwa, khona-ke kholwani yimisebenzi, ngoba kukhulunywe ngayo, ifanele.”

<sup>64</sup> Wathi, “Hlolani imiBhalo, ngokuba nithi kuYo nicabanga ukuthi ninokuPhila okuPhakade, futhi YiYona enitshela ukuthi NginguBani.” Lowo kwakunguJesu, niyabo, uNkulunkulu ebonakaliswa, ezibonisa Yena uqobo. “Iyafakaza ukuthi NginguBani.” Lokho kwenza amaHeberu 1:1 manje, “UNkulunkulu endulo wakhuluma ngabaprofethi,” ngokucacile ekhomba isimilo sesimo manje sokuvuka kweNdodana yaKhe. UNkulunkulu wakhuluma ngabaprofethi ngaleyonkathi, ngeNdodana yaKhe manje. UNkulunkulu ongaguqulekiyo, isimilo sesimo esifanayo, “Imisebenzi engiyenzayo Mina, naye uyakuyenza.” UNkulunkulu, waziwa ngesimilo sesimo saKhe esikhonjiweyo. Wazi kanjalo-ke.

<sup>65</sup> Wena uthi, “Awu, ngikutshela *lokhu*, sicula *leli*, senza *lokhu*, futhi siyenza.” Lokho akusikho engikhuluma ngakho.

<sup>66</sup> Ngikhuluma ngeZwi libonakaliswa futhi likhomba i... ngalo, izimilo zezimo zeZwi elithenjiselwe unyaka.

<sup>67</sup> LabobaFarisi babelazi leloBhayibheli kahle nje njenganoma ubani, kangcono kunanoma yimuphi wethu befundisi basesontweni sazi elethu namhlanje. Babefanele baphile ngaLo. Ukhokho kakhokho wabo babengapristi. BabeLitadisha, imini nobusuku, futhi behluleka ukubona leloZwi elikhonjiwe.

<sup>68</sup> Namhlanje, uLuther wathi, “Ngenkathi ukholwa, usunaWo.” IMethodisti ithi, “Ngenkathi umemeza, usunaWo.” IPentecostal yathi, “Ngenkathi ukhuluma ngezilimi, wawusunaWo.” Sithola ukuthi konke lokho kuyiphutha! Abanye babo bathi, “Isithelo sikaMoya sinaWo.” Futhi kuyiphutha! Ubufakazi obubonakalayo kuphela ngukuthi, kungenkathi ukuqinisekiswa, ngenkathi uNkulunkulu uqobo lwaKhe ezikhomba Yena uqobo eZwini elithenjisiwe lehora. Nakho.

<sup>69</sup> Ubani owayenezithelo kakhulu zikaMoya kunalabo uhlobo lwabapristi abadala, besoka abantwana futhi bababusisa, nayo yonke eny’into na? Futhi nangu lomfo uJesu wayekhona, ufika ngapha, wakhahlela wagumbuqela amabloks omhlatshelo, wababuka ngokuthukuthela, wabashaya, wabajaha wabakhipha, akukho-nkomba yalutho. UmBhalo uyinkomba yaKhe! Wayengenakhadi lenhlanganyelo, Wayengekho-nhlanganweni. Kodwa uNkulunkulu wakhuluma ngaYe, leyo kwakuyinkomba yaKhe!

<sup>70</sup> Leyo yinkomba yangokoqobo kaNkulunkulu kunoma yiliphi ihora, yinkomba yaKhe. Kuyilokho-ke, imiBhalo othenjisiwe, wenziwe wakhonjwa yisimilo sesimo sesithembiso esinguNkulunkulu, noNkulunkulu yiZwi. Nesimilo sesimo

salesosithembiso sikhonjwa, lokho kwenza ikholwa. UJesu washo njalo, nalokho kuyakuxazulula. Amen.

<sup>71</sup> Qaphelani, manje siyathola, izimilo zezimo ziyaMkhomba. “Uma...” Wathi, “Uma singakwenzi, khona-ke ningaNgikholwa.” Manje, uJesu wakhuluma ukuthi kwakuyoMkhomba.

<sup>72</sup> Futhi manje khumbulani, ukuthi ngalemihla, lemihla yokugcina, kwasho amaHeberu 1:1, “UNkulunkulu, endulo nangezindlela eziningi, wakhuluma kokhokho ngabaprofethi. Ngalomuhla wokugcina ukhulume kithi ngeNdodana yaKhe, uJesu Kristu.” Niyabo? Inkomba kaNkulunkulu qobo lwaKhe yabonakaliswa ngendlela yokwenza efanayo njengoba Enza esikhathini esingaphambili, esebenzisa isimilo sesimo saKhe esifanayo. Amen. Qaphelani amaHeberu 13:8, athi, “Nguyena izolo (endulo), namhlanje, naphakade uyafana!” Indlela yaKhe yokwenza efanayo, indlela yaKhe efanayo, isimilo sesimo saKhe esifanayo, yonk’into iyafana! UNkulunkulu, uNkulunkulu ongaguqulekiyo angeke neze asuka kulesosimilo sesimo kunokuba Angasuka emyalweni waKhe. Uyilokhoke, UyiZwi. UyiZwi lehora. UyiZwi. Ngenkathi Edala izwe, lelo kwakuyiZwi. Ngenkathi Edala umuntu, lelo kwakuyiZwi, izingenye zaKhe ezingehlukaniseki. Ngenkathi Edala uKristu, lowo kwakunguNkulunkulu, ulmanuweli. Futhi ngenkathi EMenza uMsindisi, lokho kwakuyizingxenye zaKhe ezingehlukaniseki. Ngenkathi EMenza uMphilisi, lokho kwakuyizingxenye zaKhe ezingehlukaniseki. Niyabo? YiZwi njalo likhonjwa, iZwi elikhonjwe ngesimilo sesimo sikaNkulunkulu. Qaphelani indlela yokwenza, Uhlala eyenza njalo, Akaguquki neze.

<sup>73</sup> Bukani amadoda amathathu afika kuAbrahama, ehlezi emnyango wethende lakhe ngalolosuku. Sizombuka lapho imizuzu embalwa. Wayefikile, wayebizelwe ngaphandle kwezwe laseKalideya, lamaKaledi, nomuzi waseUri. Wayekade ekhishwe emzini wakubo, yimiyalo kaNkulunkulu, ukuthi azehlukhanise nakho konke ukungakholwa. Leso yisimilo sesimo sokuqala sikaNkulunkulu, zehlukanise nokungakholwa, uma Ebiza umuntu!

<sup>74</sup> Futhi Umnika into ngokoqobo, engenakwenzeka sanhlobo emqondweni wokwemvelo, ukuyikholwa. Wathi, “Abrahama, okwakho...” Wayeneminyaka engamashumi ayisikhombisana-nanhlanu, noSara wayenamashumi ayisithupha-nanhlanu. Bona, lowo kwakungudadewabo uhhafu, babehlale ndawonye yonke leminyaka bengenabantwana. Wathi, “Ngizonipha indodana ngoSara, futhi izobakhona, ngayo, Ngizokwenza uyise wezizwe eziningi.” Manje, wakukholwa.

<sup>75</sup> Isikhathi sedlula, kungekho-shintsho kuSara. Niyabo? Wayesdlule onyakeni, wa—wayesdlule ekuyeni esikhathini.

Iminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu, wayesevele esesedlule lesosikhathi. UAbrahama, enamashumi ayisikhombisa-nanhlanu, umzimba wakhe usufana nofile. Isizalo sakhe sasesifana nesifile. Kodwa uAbrahama akangabazanga neze ngesithembiso sikaNkulunkulu, ngokungakholwa. Waqhubeka nokukholwa, ngoba uNkulunkulu wakusho, futhi waqiniseka, “Uma uNkulunkulu akusho, izimilo zezimo zaKhe ziyoveza lokho Akusho!” Manje, sifanele ukuba ngabantwana baka Abrahama, iNzalo ka Abrahama! Kuqhubeka, kuqhubeka, iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu yedlula. Akukho-mehluko kuSara, akukho lutho, kuphela wayesemdala, eseqhothile, naye unjalo futhi. Kodwa uAbrahama wayesalokhu ekukholwa.

<sup>76</sup> Futhi ngoluny’usuku, ngenkathi uNkulunkulu esebonile ukuthi inceku yaKhe yayizimisele ukuba yisibonelo sabantu banamhlanje, futhi ngayo Wayezobusisa izizwe, ngokunye ukusa okushisayo cishe ngeleshumi nqo, amadoda amathathu ayeza enyukela kuye. Akhuluma kuye. Futhi wawamema ukuba angene ukuba ahlale phansi. Kwakukhona okuthize ngawo okwakubonakala kwehlukile kumuntu. Izinto zokomoya ziqondwa ngezinto zokomoya. Qaphelani, futhi ayenyuka ayesehlala phansi. UAbrahama wawabuka ngaphezulu, wathi, “Nkosi yami.” Ufanele enzenjani na?

<sup>77</sup> Amabili awo ehla ayeseshumayela eSodoma, okungubufakazi besimodeni namhlanje. Nazo izigaba zakho zabantu ezintathu: iSodoma, nebandla ezansi eSodoma, uAbrahama oKhethiweyo akekho eSodoma. Izithunywa ezimbili, uBilly Graham wesimodeni no...Khumbulani, kwizithunywa zonke kulo ibandla, akakaze abekhona umuntu owake waphuma kulelobandla eliyilo ngegama phandle lapho, igama lakhe ligcina ngo h-a-m, ngaphambili. Kube nguFinney, uSankey, uKnox, uCalvin, kanjalonjalo, uBilly Sunday, nayo yonke eny’into, kodwa akukaze kube ngu G-r-a-h-a-m, noma eligcina ngo h-a-m, okuchaza “uyise wezizwe.” Lapho wehlela lapho, eshumayela. Bukani ihora! Nampa abazenzisi, abangakholwayo, namakholwa. Lamadoda amathathu afika. Amabili awo ehlela emzini, uBilly Graham wesimodeni noOral Roberts ezansi phakathi kwabantu, beshumayela. Ukuhleleka, uJesu wabhekisela kukho.

<sup>78</sup> Qaphelani, oKhethiweyo wayeza... ehlezi ngaphandle ehla lapha, uAbrahama neqembu lakhe. Futhi ngenkathi leNdoda eyahlala noAbrahama, Ibhekisiseni, Yaveza obala isimilo sesimo sikaNkulunkulu, ngokuba Yathi, “Uphi uSara na?” Igama lakhe lalinguSarayi, ngakuthangi; manje selinguSara, S-a-r-a. Yathi “Abrahama,” hhayi Abrama, “Abrahama, uphi umkakho, uSara na?”

Wathi, “Usethendeni emva kwaKho.”

<sup>79</sup> Yathi, “Ngizokuvakashela.” Wayeseyilalela-ke uAbrahama leyonkulumo. “Ngizokuvakashela ngesikhathi sokuphila.”

<sup>80</sup> NoSara wahleka, njengoba kwakunjalo, ngaphakathi, kuye uqobo, wayesethi, “Mina sengimdala, nenkosi yami isindala, ukuthi sizoba nenjabulo futhi njengabesilisa nabesifazane abasebasha na? Mayelana no—nobudlelwane bobuntu, mhlampe, sekwedlule iminyaka eminingi. Mina?” Wahleka.

<sup>81</sup> NeNdoda, ibuka uAbrahama, uSara esethendeni emva kwaYo, yathi, “Uhlekeleni uSara, esho lezi, ‘Lezizinto zingaba kanjani na?’” Yazikhomba Yona uqobo.

<sup>82</sup> NoAbrahama waYibiza ngo “Elohim.” Manje, noma ubani wenu bafundi beBhayibheli niyakwazi lokho. UElohim, uNkulunkulu, Onele konke, niyabo, ekhonjwe emzimbeni womuntu owayedla inyama yethole, ephuza ubisi oluvela enkamazini, futhi edla isinkwa nebhotela. UElohim wakhomba izimomo zezimo zikaNkulunkulu, noAbrahama waMbiza ngo “Nkulunkulu.” Ini? Wakhonjwa, uElohim!

<sup>83</sup> UJesu wathi, kuLuka, isahluko 17, lapho ngemihla yokugcina (uNkulunkulu endulo ekhuluma ngabaprofethi, ngemihla yokugcina ngeNdodana yaKhe), manje bhekisisani, Wathi, “Ngesikhathi lapho iNdodana yomuntu yembulwa.” Bhekisisani, “yembulwa,” yaziwe ngalolu imihla yokugcina ngaphambi kwesikhathi sokuphela, lapho iNdodana yomuntu yembulwa, lokhu ukuhleleka kwaseSodoma kuyobuya futhi. “Njengoba kwenzeka ngemihla yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, lapho Yembulwa, yaziswa eBandleni, kwabaKhethiwe (hhayi eSodoma noma kwabaseSodoma, noma labo abasezansi eSodoma), kwabaKhethiwe.” UAbrahama wayengoKhethiwe. NeNzalo yobukhosi ka Abrahama ngamakholwa, ngoKristu Jesu iZwi, futhi ngabaKhethiwe. Futhi ngenkathi iNdodana yomuntu yembulwa, lokho kuhleleka kuyophinda futhi.

<sup>84</sup> Bukani izwe namhlanje. Uma kungesilo iSodoma neGomora elejwayelekile, angikaze ngilibone. ISodoma neGomora! Bukani ibandla, njengoLoti ehlezi lapho futhi nje edabukisa umphefumulo wakhe olungileyo lapho ebone izono zaseSodoma. Omningi umfundisi ehlezi kweyakhe... Indoda ekahle ihlezi esitadini sayo, iyoqoqa indikimba yayo kanjalonjalo, ibuka phandle emgwaqeni futhi ibona abesifazane begqoke izikhindi, nokuba nesimilo esibi nezinto, nezinto ziqhubeka kanjalo, angeke yasho lutho ngakho, inhlangotho yayo yayizoyixosha. ULoti wayengenaso isibindi ukuba amele Lokho okwakufanele, injalo neSodoma neGomora yesimodeni namhlanje.

<sup>85</sup> Kodwa kunabanye balabo abangaphandle kweSodoma, ozalwa phandle lapho, hhayi ngentando yomuntu, kodwa ngentando kaNkulunkulu neNzalo kaNkulunkulu. Bhekisisani inkomba lapho, hhayi nje ukushumayela, kodwa isibonakaliso

sikhombe iZwi likaNkulunkulu lenziwe inyama kumuntu. Ukuhleleka kubuyela emuva njengoba kwakunjalo nje, futhi kungalolosuku impela. Yonke into iphelele, yonke into ihleleke kahle emgqeni. Ngifisa sengathi nga besinesikhathi ukuba siqhubeke kukho imizuzu embalwa, kodwa asinaso, ngakho sizosheshisa. Ukuhleleka kuzophinde kubekwe futhi ngemihla yokugcina.

<sup>86</sup> Manje, amaHeberu 10:1, “UNkulunkulu, endulo, ngabaprofethi, wazikhomba Yena uqobo. Futhi ngemihla yokugcina uzikhombe Yena uqobo ngeNdodana,” Ezenza amaHeberu 13:8, “nguyena izolo, namuhla, naphakade.”

<sup>87</sup> Qaphelani, uNkulunkulu, endulo, wakhuluma kuMose. Futhi manje, futhi khumbulani, Wazikhomba Yena uqobo ngokuKhanya, iNsika yoMlilo esihlahleni esivuthayo. Wakwenza kanjalo-ke endulo. Futhi Wakhuluma kuMose. Nalokho kuKhanya, Kwenzani na? Kwaveza isimilo sesimo sikaNkulunkulu, Kwakhuluma iZwi, “Ngikuzwile ukulila kwabantu baMi ezansi eGibhithe. Ngikubonile ukububula kwabo futhi ngakuzwa ukukhala kwabo, futhi Ngiyalikhumbula iZwi laMi. Ngizokwehla, iNsika yoMlilo, ukuKhanya, ukuhamba nokukhulula abantu. Ngithuma wena, Mose.”

<sup>88</sup> Bhekisisani izimilo zezimo zikaNkulunkulu. Wakha inkweshazana yothuli wayeseluphosa emoyeni, futhi lwaphenduka amazeze. Isimilo sesimo soMdali sikaNkulunkulu sasikuMose.

<sup>89</sup> NoMose wakhuluma, kuDuteronomi 18:15, wayesethi, “INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami.” Manje bhekisisani, lelo yiZwi futhi, isimilo sesimo. UNkulunkulu ekhuluma ngoMose, ebatshela ukuthi iNkosi yayizovusa Oyedwa onjengaye. Manje qaphelani ukuthi izimilo zezimo zikaJesu zaMkhomba kanjani eyileliZwi elithenjisiwe. Ngenkathi uMose ethi kuyoba njalo, isimilo sesimo sikaJesu sakukhomba. Qaphelani manje, “INkosi uNkulunkulu wenu,” lowo nguNkulunkulu, lelo yiZwi, “iyakuvusa umProfethi onjengami. Yilowo nalowo ongayikumkholwa lowomProfethi, uyakunqunywa phakathi kwabantu.” Manje bhekisisani, ngenkathi uJesu efika, manje-ke hlobo luni lwesimilo sesimo Ayezoba naso na? Niyabo, qaphelani manje iZwi elithenjisiwe, Wethenjiswa ukuba ngumProfethi onjengoMose.

<sup>90</sup> Manje, babeba nazo zonke izinhlobo zothisha, zonke izinhlobo zorabi. Babekade bengenaye umprofethi iminyaka engamakhulu amane, selokhu—selokhu kwaba nguMalaki, futhi manje khona manjalo nakhu kufika uMuntu enkundleni.

<sup>91</sup> Manje, kwakunomdobi, bebabili, amadodana omuntu, nomunye wabo, igama lakhe lalinguAndreya, negama lomunye lalinguSimoni. Babekade betshelwe nguyise ukuthi kuqashelwe kanjani ezinsukwini; kwakukade kunezinqwaba zezinto

zamanga eziqubukayo. Ikhehla..Ngafunda incwajana ngesinye isikhathi, lapho, kungahle ukuba kwakukade kuyinganekwane, angazi, ukuthi lathi, “Madodana, manje ngaphambi nje kokuba kufike uMesiya, njengoba sonke simbhokile, kuyoba khona isikhathi lapho kuyoba khona zonke izinhlobo zezinto ezenzekayo. Kodwa indlela eniyokwazi ngayo loMesiya, Uyoba ngokomBhalo. Uyoba ngumProfethi, ngoba iZwi likaNkulunkulu lathi UngumProfethi.”

<sup>92</sup> UAndreya wamuzwa uJohane. Awu, into kuphela uJohane ayeyenza, wayeprofetha nje. Niyazi, uJesu wathi, “Nahamba ekukhanyeni kukaJohane, kodwa NginokuKhanya okukhulu kunoJohane. Nginenkomba enkulu kunoJohane, ngokuba, imisebenzi uBaba aNginike yona ukuba ngiyenze, ifakaza ngaMi.” UJohane washumayela nje, wandulela nje, akenzanga zimangaliso noma yiziphi izimilo zezimo zikaNkulunkulu zesithembiso. Kodwa nakhu kufika uJesu nalesosimilo sesimo!

<sup>93</sup> USimoni waphuma ukuyoMuzwa ngeliny’ilanga, futhi kwathi nje kunga...USimoni mhlawumbe waphuma noAndreya. UAndreya wayekade ethamele isikhathi eside. Kodwa, uSimoni, ngenkathi engena eBukhoneni! Manje lalalani, njengoba sengivala. Ngenkathi engena eBukhoneni bukaJesu, uJesu wambuka, Wathi, “Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJonase.” Niyabo, isimilo sesimo salokho okwethenjiswa sakhonjwa kuYe.

<sup>94</sup> Lowomuntu wayengakwazi ukusayina igama lakhe, iBhayibheli lathi wayeyikho kokubili engazi futhi engafundile. Kodwa kwakuyinkomba ngempela, ukuthi ngokushesha wakulahla konke okokungakholwa kwakhe, wayesethi, “Lowo nguMesiya ekade simbhokile!” Kulungile, waKukholwa.

<sup>95</sup> Kwakukhona oyedwa emi lapho ogama linguFiliphu, owagijima wajikeleza umuzi, igquma, izwe, cishe amamayela ayishumi nanhlanu, wayesethola umngani, ubuya ngosuku olulandelayo naye, ogama linguNatanayeli. Wamfumana ephansi komuthi, ekhuleka. Wathi, “Woza, ubone ukuthi Ubani esimfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa.”

<sup>96</sup> Wathi, “Manje, manje, manje! Kukhona okuhle okungavela eNazaretha, noma okuphuma kulesosigejane sabantu bezinga eliphansi ezansi lapho na?”

Wathi, “Woza ubone!”

<sup>97</sup> Lokho okuhle ukwedlula konke—lokho ngukuphawula okuhle ukwedlula konke umuntu abengakwenza. Ungahlali ekhaya futhi ugxeke. Woza uthole, uhlole imiBhalo! Woza, ubone!

<sup>98</sup> Endleleni ngokuzungeza, bahamba bazungeza, bexoxa ngokwakukade kwenzekile, ukuthi wamtshela kanjani ngoSimoni aziwa nguYe, uyise njalonjalo.



<sup>99</sup> Manje-ke ngenkathi ekhuphukela emgqeni, ngahle ukuba kwakukade kungumugqa womkhuleko, ngahle ukuba kwakukade kuphandle ezethamelini, angazi. Kodwa noma ngabe ufika kuphi, noJesu waphosa amehlo kuye okokuqala, Wathi, “Bheka umIsrayeli, okungekho-nkohliso kuye!”

Wathi, “Rabi, Wake wangazi nini na?”

<sup>100</sup> Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona.” Leyo kwakuyinkomba yezimilo zezimo zikaNkulunkulu ogcotshiweyo.

<sup>101</sup> Wathi, “Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu!” Kwakuyini na? Izimilo zezimo zaKhe zaMkhomba. Wazi ngomBhalo ukuthi lowo kwakunguMuntu ogcotshiwe, uNkulunkulu egcotshwe enyameni. UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe. Wathi, “Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu. UyiNkosi kaIsrayeli.”

<sup>102</sup> UJesu wathi, “Ngoba Ngisho lokho, niyaNgikholwa na? Nizobona okukhulu kunalokhu.”

<sup>103</sup> Manje, kwakunalabo ababemi eceleni, abakukholwanga Lokho. Bathi, “LoMuntu unguBelzabule, Ungumbhuli.”

<sup>104</sup> UJesu wathi, “Ngiyanithethelela ngalokho. Kodwa nxa uMoya oNgcwele efika ukuzokwenza into efanayo, izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa kulelizwe noma ezweni elizayo.”

<sup>105</sup> Niyabo, ukubuyisana kwakungakenziwa. Niyabo, kwakungeke kwenzeka, ungeke waba ne... Ungeke waphoswa esihogweni ngaphambi kokuba uze ekwahlulelweni. Lesisizwe besingekwenze lokho, uNkulunkulu angeke naye. Niyabo, nisendaweni, nilinde nifake amaketango asetilongweni nize nithole ukwehlulelwa. Futhi, niyabo, Wayengeke abaxosha, ngoba ukubuyisana kwakungakenziwa.

<sup>106</sup> Kodwa emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, noPhawu lwaphuma lulwela eGazini, uMoya oNgcwele, manje-ke, ukukhuluma ngokumelana naLowo, kuyisino esingenakuthethelelwa. Izwi elilodwa nje yilokho kuphela ozofanele ukusho ngokumelana naWo, manje-ke akukho neze ukuthethelelwa nayikuphi. Izwi elilodwa elimelene naWo, niyabo, kuyinto enkulu kabi.

<sup>107</sup> Manje, ngakho manje-ke siyathola futhi, lokhu kwaMkhomba njengoMesiya ogcotshiweyo. UNkulunkulu kuKristu, ukuBuyisana kwemihla yokugcina, uKristu enza ukubuyisana kwemihla yokugcina. Manje, kuNatanayeli, wa—wa—waKukholwa futhi waMqonda.

<sup>108</sup> Kunowesifazane omncane ophumela emthonjeni ngesinye isikhathi enhla eSikari, umuzi wase—waseSamariya. UJesu wayeswelekile ukwedlula lapho ngenkathi Esendleleni yaKhe ebheke ezansi, ezansi ngqo negquma evela eJerusalema,

ukuyongena ngqo eJeriko, kodwa Wazungeza ngale kweSamariya. Wathi Waye “swelekile ukuba ahambe,” uYise waMholela laphaya. Ngenkathi Ewelela laphaya, Wamukisa abafundi. Wayesehlala phansi, emangala, ngiqagele, ukuthi kwakuyini.

<sup>109</sup> Manje khumbulani, uJohane oNgcwele 5:19, uJesu wathi, “Ngqiqinisile Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kepha lokho Ebona uYise ekwenza.” Manje khumbulani, Akazange enze nesisodwa isimangaliso, hhayi ngenkathi Ekuzwa, ngenkathi Eku “bona.” “INdodana ayenzi lutho ize Ibone uYise ekwenza kuqala.”

<sup>110</sup> Niyabo, lokho kwakhombisa ukuthi Wayeyini, lowomProfethi, uNkulunkulu-mProfethi. Odlula umProfethi, WayenguNkulunkulu! Konke lokho abaprofethi ayeyikho, kwakukuYe, kuhlangukaniwe nokunye. Abaprofethi babenengxenye nje yeZwi. Wayenalo lonke iZwi, WayeyiZwi ekugcwaleni kwaLo. Kodwa qaphelani, “UNkulunkulu endulo wakhuluma ngezindlela eziningi, ngezingxenye ezincane. Ngalomuhla wokucina, ukugcwala kweZwi kungene eNdodaneni yaKhe uKristu Jesu, uNkulunkulu enziwe inyama phakathi kwethu.”

<sup>111</sup> Lona wesifazane omncane, onegama elibi, simbiza sithi, ngezinye izikhathi, isifebe. Mhlawumbe umntwana wayekade ekhishelwe emgwaqeni. Ngezinye izikhathi njengamanje, akusiwo ngempela ngempela amahlongandlebe entsha, ngamahlongandlebe abazali, badelele inenekazi elincane liphume futhi liziphathe kanjalo. Mhlawumbe owesifazane omncane omuhle, wenyukela lapho ukuyokha ibhakede lamanzi, cishe ngeleshumi nanye nqo.

<sup>112</sup> Manje khumbulani, uma wake waba kwelasempumalanga, abakashintshi nakancu, kusengamasiko afanayo. Abesifazane bayaphuma, izintombi zihamba kusesekuseni ziye emthonjeni bese zikha amanzi azo. Isifebe noma onegama elibi angehambe nazo. Zingeke zaxubana.

<sup>113</sup> Wadingeka aphume emva kokuba zonke ezinye seziqedile. Uyafika, mhlawumbe ekhandlekile, mhlawumbe wayekade enalelosoka elisha, umyeni wakhe ngalobo busuku. Uyaphuma, wayenalembiza yamanzi, wayibeka phansi. Wayibeka, wehlisa isigwedlo, ukuba ayehlise, wezwa uMuntu ethi, “Ngiphuzise.”

<sup>114</sup> Wabuka ngale wayesebona uMuntu ephakathi nendima yempilo emi lapho, ethe ukuba mpunga entshebeni yaKhe. Wayethi akabe neminyaka engamashumi amathathu ubudala, kodwa iBhayibheli lathi Wayebukeka enamashumi amahlanu. “Ungumuntu ongakevi emashumini amahlanu ubudala, futhi uthi Ubone uAbrahama na?”

115 Wathi, “Engakabikho uAbrahama, NGIKHONA.” Niyabo? Niyabo, abaKuqondanga. Wayethintitha labobanceligazi basuke kuYe.

116 Namhlanje sifanele sinxuse futhi sizincengele, futhi simbambathe futhi sinxuse, futhi sigqogqe futhi sithembise amaKristu, ukuba eze esontweni, “Uma eza esontweni, sizokwenza ukuthi-nokuthi.”

117 UJesu, ngenkathi Elapha emhlabeni, Wayenabaningi kakhulu ababenaYe. Waqalaza wayeselibona ibandla, Wayefuna ukubasusa, Wathi, “Uma ningadli inyama yeNdodana yomuntu niphuze iGazi laYo, aninakuPhila kini.”

118 Wawungathini nje udokotela ehlezi phandle lapho na? “Ngani,” wathi, “leNdoda ifuna sibe izindlabantu. Siphuze iGazi laYo na? Umbhedo! Nonke ninabantu sukani futhi niyishiye kanjalo leyoNdoda ehlanayo.” Basuka bahamba.

119 Akazange aKuchaze. Wayengadingi kuKuchaza. Uzamazamisa ukukholwa kwakho ngesinye isikhathi ukubona ukuthi uzokwenzani. Futhi Wenza into efanayo ngalolusuku, yebo, kwenze kubukeke sasipokwe kuwe kancanyana, ukubona ukuthi umi kuphi, ukuthi ngabe ukholwa ngempela yini.

120 Khumbulani, labo...-sciples, baziwa ngaphambili nguNkulunkulu, abazange bagudluke. Abakwazanga ukuKuchaza, nabo, kodwa babengafuni ukugudluka. Manje-ke Uyafika futhi, Wathi. . .

Lonke lelobandla lasuka lahamba, izinkulungwane.

121 Washo kwabangamashumi ayisikhombisa behlezi lapho, abefundisi baKhe Ayekade ebagcobebele ukuba baphume futhi bashumayebele phambi kwaKhe, Wathi, “Ngizobanyakazisa bese ngibona ukuthi bakuphi.” Ngakho Wathi, “Awu, niyothini uma nibona iNdodana yomuntu yenyukela phezulu eZulwini lapho Evela khona na?”

122 “INdodana yomuntu yenyukela eZulwini? Sidoba naYo, sicambalala ezingwini zomfula naYo. Sidla naYo. Siwubonile umkhombe Eyazalelwa kuwo. Siyamazi umama waYo, abafowaBo. NaleNdodana yomuntu enyukela phezulu lapho Evela khona na? Ivela eNazaretha! Lilikhuni lelizwi.” Basuka bahamba, nabo. Bathi, “Asikwazi ukukubona Lokhu.” Niyabo? Kwenzekani na? (Akuzange kubagudluze labobafundi. Abakwazanga ukuKuchaza.) Bonke basuka bahamba. Akazange aKuchaze. Wayengadinge kukuchaza.

123 Namhlanje sinezithombo zesihlumisela-mbewu, ezithiwa amaKristu, umuntu ozofanele umfuthe futhi umtotose futhi umncenge, “Futhi uzonginika inhlanganyelo, uzobambisana, uzokwenza *lokhu* na?” O, nina sigejane sezithombo zesihlumisela-mbewu! Sidinga ubuKristu bangokoqobo

obuthize, obuzalwa nguMoya kaNkulunkulu. Nalobo obungezukuluthatha-bambiswano, nalutho olunye, abafuni lutho.

<sup>124</sup> UJesu wajika, wabuka labobafundi, wathi, “Nizohamba, futhi na? Nifuna ukuhamba, nani na?” Wathi, “Ngikhethe abayishumi nambili benu, nomunye wenu yidemoni. Anihambi ngani, nani na?”

<sup>125</sup> Khona-ke uPetru washo lawomazwi ayisikhumbuzo, “Nkosi, besingayaphi na? Siqinisekile, siyazi ukuthi Wena unguMthombo okhonjiwe wokuPhila. UneZwi, futhi Lona kuphela. Siqinisekile.”

Lona wesifazane omncane emi lapho. Wathi, “Ngiphuzise.”

<sup>126</sup> Wathi, “Akusilo isiko, sinokwehlukana, asinayo into enjengaleyo lapha.”

<sup>127</sup> Wamazisa ngokukhulu ukushesha ukuthi akukho-mehluko phakathi kweJuda kumbe noma ngabe kwakuyini. WayenguNkulunkulu. Wathi, “Hamba ulande indoda yakho uze lapha.”

Wathi, “Anginandoda.”

<sup>128</sup> Wathi, “Ukhulume iqiniso. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo eyakho.”

<sup>129</sup> Manje bhekisisani lowo wesifazane. Kwenzeka into ethize, leyoMbewu encane eyamiselwa ngaphambili phansi enhliziyweni yakhe!

<sup>130</sup> Ngenkathi Esho Lokho kulabobaFarisi, babukeni, bavele nje babamnyama bhuqe kulokho ababezisho ukuthi babeyikho. Babezisho ukuthi bangamaKristu, babezisho ukuthi bangabalandeli, babezisho ukuthi bayaMthanda. Kodwa ngenkathi sekufika iQiniso, Labenza bamnyama bhuqe.

<sup>131</sup> Kodwa ngenkathi sekufika *lokhu*, Kwaletsa ukuPhila, Kwasusa ubumnyama futhi kwabenza bonke babamhlophe. Wathi, “Uphi . . .”

<sup>132</sup> Wathi, “Mnumzane, ngiyabona ukuthi ungumProfethi Wena. Manje, kade singenaye oyedwa iminyaka engamakhulu amane, uyabo. Ngiyabona ukuthi ungumProfethi Wena. Manje, siyazi ukuthi nxa uMesiya efika, inkomba yaKhe iyoba yilolohlobo lwesimilo sesimo, Uyositshela lezizinto.”

Wathi, “NginguYe okhuluma kuwe.”

<sup>133</sup> Futhi, phezu kwalokho, wawisa imbiza yamanzi, wangena emzini wayesethi, “Wozani, nibone uMuntu ongitshela izinto engizenzile. Lesi kungebe siso impela isimilo sesimo sikaMesiya ogcotshiweyo oyiZwi, owazi imicabango osenhliziyweni na? Lona kungebe suye uMesiya na?” O, he!

<sup>134</sup> Bukani, owesifazane enomopho, Wakhonjwa kuye, ngesimilo sesimo saKhe, ukuthi WayenguMesiya. Owesifazane enomopho waMkhomba, iZwi.

135 AmaHeberu 4:12, iBhayibheli lasho ukuthi, “IZwi likaNkulunkulu linamandla kunenkemba esika-nhlangothi zombili, noMahluleli wemicabango osenhliziyweni,” (bangaki okwaziyo lokho na?) “emqondweni.” Liyilokho-ke iZwi. Niyakholwa ukuthi WayeyiZwi na? Niyakholwa ukuthi nguYena izolo, namuhla, naphakade na? Lokho kuyakuxazulula, uma nikukholwa Lokho.

136 Qaphelani, lona wesifazane omncane wathi, “Uma nje ngingaMthinta! Angikhathali ukuthi basho okungakanani ngaYe. Ngikholwa ukuthi Uyilokho nje Athi Wayeyikho. Uma nje ngingaMthinta, ngizosinda.” Ngakho wathi pulukutshu wayeseMthinta. Wabuyela ezethemelini.

UJesu wama, wayesethi, “Ubani oNgithintile na?”

137 NoPetru wazama ukuMenza sengathi Wayengoguliswa yimizwa, wathi, “Ngani, wonk’umuntu! Ungazisho izinto ezinjengalokho, ngani, abazukwazi ukuthi bacabangeni ngaWe. UMuntu wesikhundla saKho, bese-ke uthi, ‘Ubani oNgithintile na?’ Wonk’umuntu uyaKuthinta.”

138 Wathi, “Kodwa Ngiyabona Ngiphele amandla, kuphumile amandla kiMi.” Wazi ukuthi ikhona into eyayenzekile!

139 Manje bukani, bukani ukuthi kufikani, okwethusayo okukhulu okulandelayo. Waqalaza waze Wamfumana, Wayesemtshela isimo sakhe, ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Waye... Wakhonjwa njengeZwi likaNkulunkulu, azi izimfihlo zenhliziyiyo. O, he! IZwi lahlulela umzimba, lahlulela inhliziyiyo.

140 Manje umzuzwana nje, sengivala. Manje, njengoba amaHeberu 13:8 eqinisile, “Nguyena izolo, namuhla, naphakade,” niyalikholwa Lelo na? Manje ngeqa inqwaba lapha ebengifanele ngiyisho. Manje-ke, isimilo saKhe sizoMkhomba manje ngalesisikhathi samanje, uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade, njengoba Wayenjalo nje ngaleyonkathi. Kunjalo na? Ukwethembisile. Futhi, khumbulani, isimilo sesimo saKhe siyinkomba yaKhe. Bangaki okuqondayo, phakamisa isandla sakho. Isimilo sesimo saKhe siyinkomba yaKhe.

141 Njengalabo ababevela e Emawuse, njengoba ngisho lokhu. UJesu wayesebethelwe. Bonke babedabukile. Babesethuneni. Manje bathi, “Ukhona ofikile futhi waMeba.” Ngoluny’usuku Waphuma kwezinye izihlahlana wayesehambisana nabo, njengoba Wawelela e Emawuse. Base bethi. . .

Wathi, “Ni—ninyukumeleleni kangaka na?”

Wathi, “Awu, Wena uyisihambi nje lapha.”

142 Kwase kuthi-ke Esebafake ngaphakathi, Wenza into ethize njengoba Wayenza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe nje. Kwakuyisimilo sesimo saKhe sokuyenza ngaleyondlela. Futhi

ngokushesha baqonda, ngesimilo sesimo saKhe, ukuthi lowo kwakunguJesu ofanayo owayekade ebethelwe. Amen.

<sup>143</sup> UNkulunkulu uMvusile kwabafileyo, futhi namhlanje isimilo sesimo saKhe, njengaso, siyafana njengoba sasinjalo ngaleyonkathi! Nokubuya kwemihla yaseSodoma, nje ngoba uJesu aprofetha, into efanayo izokwenzeka “lapho iNdodana yembulwa kubantu.” Kuyinkomba yesimilo sesimo saKhe. AmaHeberu 4:14 nele 15, “Manje UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu, njengoba nje Wayenjalo ngaleyonkathi.” Niyakukholwa lokho na? Ubuthakathaka bethu buyaMthinta. Awu, uma bebungaMthinta, Ubeyokwenza kanjani uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade na? Isimilo sesimo saKhe besiyofana. Khona-ke Ubeyokwenza njengoba Enza ngenkathi owesifazane ethinta ingubo yaKhe. Niyakukholwa lokho na? Uphila njalonjalo, Uphila njalonjalo, nezimilo zezimo zaKhe zisalokhu ziMkhomba namhlanje njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi. Niyakukholwa ngayo yonke inhliziyu yenu na? UNkulunkulu, ukhonjwa ngesimilo sesimo saKhe, siyaMkhomba.

Asikhothamise amakhanda ethu.

<sup>144</sup> Baba waseZulwini, singabesilisa nje nabesifazane sihlezi lapha kulobubusuku. Kodwa si, njengoba kwakunjalo, phethe uNkulunkulu uma siphatha iZwi. Futhi, Baba, ngingesaba ukuzama ukusho into ethize ebingekho phakathi lapha. Ngingesaba ukuzama ukubeka ukuhumusha okungokwami kuLo, ngoba kungahle kube yiphutha. Futhi Wena wathi, “Yilowo nalowo oyosusa iZwi elilodwa kuLo, noma enezele izwi elilodwa kuLo, isabelo sakhe siyosuswa eNcwadini yokuPhila.” Ibiyosiza ngani-ke impilo yami, Nkosi, uma ngenza into embi njengaleyo na? Ngakho nje ngiLikhuluma ngendlela eLiyiyo.

<sup>145</sup> Futhi, Baba, Wena wethembisa ukuthi UyoLikhomba. Ngikholwa ukuthi Uvukile kwabafileyo, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili edlule, futhi uyaphila kulobubusuku, ubiza abantu abalula njengoba nje Ubuwenza njalo, oyedwa *lapha* noyedwa *laphaya*; akusiwo amaqembu, akusizo izinhlangano, akusizo izindlela zokuziphatha ezinkulu zalokho okwenziwe ngumuntu. Kodwa Wena wathi Uyothatha abantu kwabeZizwe, abantu, “Bebabili ensimini; Ngiyoshiya oyedwa, ngithathe oyedwa. Bebabili embhedeni; Ngiyoshiya oyedwa, ngithathe oyedwa,” abantu lapha nalaphaya, wenzele iGama laKho, uMlobokazi.

<sup>146</sup> Ngikholwa ukuthi isimilo sesimo saKho siyaKukhomba. Wethembisa, “Njengoba kwakunjalo emihleni yaseSodoma,” kuyakuba njalo ngomhla lapho Wawembulwa, iZwi. IZwi uqobo lwaLo, lalelihora, lifanele lembule iZwi uqobo lwaLo, njengoba iZwi lafika kubaprofethi. Futhi, Baba, sibona uJohane emi lapha emhlabeni, futhi kwakukhona i—iZwi ayelembula.

NeBhayibheli lathi, “IZwi njalo liza kumprofethi.” NeZwi laliyinyama ngaleyonkathi, ngakho Laphumela ngqo emanzini, kuJohane. IZwi leza kumprofethi.

<sup>147</sup> Baba, Nkulunkulu, woza kulobubusuku, ngiyakhuleka, futhi usisize. Sisize ngokungakholwa kwethu. Sithethelele amaphutha ethu. Philisa abagulayo nabahluphekile. IZwi elilodwa elivela kuWe, Nkosi, liyosho lukhulu kunanoma yini noma yimuphi umuntu abengalusho. Nje khuluma Wena, Baba, iZwi elilodwa nje liyosho olukhulu kakhulu. Manje, Unguwena izolo, namuhla, naphakade. Sizinikela kuWe manje. Futhi sikhulekela ukuthi uma sesisuka futhi siye emakhaya ethu kulobubusuku, sizosho njengalabo ababevela e Emawuse, ngenkathi beMbona enza into ethize ukukhomba kubo ukuthi WayeyiNkosi evukile. Akunandaba ukuthi basho kangakanani ukuthi, “Beba umzimba waKhe, futhi—futhi benza *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*,” bazi qobo lwabo ukuthi Wayevukile kwabafileyo. Ungekwenze kulobubusuku Uzikhombise wena uqobo uphila kithi futhi? Futhi ubize labo abakulelidolobha elihle namacala onke, omiselwe ukuPhila futhi, kuWe. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

<sup>148</sup> Manje, ngizonicela manje cishe imizuzu eyishumi nanhlanu. Sizoba leyithi nje cishe ngemizuzu eyishumi. Ngizosheshisa. Ngifuna ukubiza amakhadi omkhuleko. Ngikhulwa ukuthi uBilly...G, amakhadi omkhuleko G, ngabe yilokho abakukhiphile na? U G, amakhadi omkhuleko G, asithathe kusukela kwelilodwa kuya kweleshumi nanhlanu noma elamashumi amabili, into ethize. G, wokuqala. Bangaki... Ubani obeno G, wokuqala, phakamisa isandla sakho, sibone ukuthi ngabe ulapha. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Futhi, khumbulani, bambani amakhadi enu omkhuleko, nizokhulekelwa. Uma ningakutholi kulobubusuku, sizokuthola. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi, khona ngapha ngokukhulu ukushesha eningakwenza, futhi nihambe niye ngqo ngapha futhi ningene emgqeni. Kulungile. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa. Mathathu angekho phakathi lapho. Elesikhombisa, elesikhombisa, nelokuqala, elesibili, elesithathu... Abale, Roy, wenzele mina. Kulungile, ishumi. Kulungile, elokuqala kuya kweleshumi. Eleshumi nanhlanu manje, u G, elokuqala kuya kweleshumi nanhlanu, lelo ngele fif...noma eleshumi, eleshumi nanye, eleshumi nambili, eleshumi nantathu, eleshumi nane, eleshumi nanhlanu. Kulungile. A—asime lapho, lokhu nje. Kulungile.

<sup>149</sup> Manje si—sizama ukugcina izwi lethu, niyabo, ukuba siphume ligamenxe elesishiyagalolunye, kodwa asizukukwenza kulobubusuku, ngi—ngi—ngiyazi. Kodwa manje ngifuna wonk'umuntu ukuba anakisise.

<sup>150</sup> Manje, uma ngikhulume iQiniso futhi nganitshela ukuthi lezizinto zifanele ukuba khona, futhi nakhu eBhayibhelini, ukuthi leli yihora. Ningahle ukuba nifundiswe kwesinye isikole. Babenjalo nabaFarisi. Kodwa iBhayibheli lasho, ngalolosuku, “Intombi iyokhulelwa,” Wa... Yakhulelwa. Wathi izimilo zezimo zikaMesiya ziyoba *kanje*. Kwabanjalo. Kodwa abaKukholwanga. Lokho akuMmisanga ekuqhubekeni ngqo ngokufanayo nje. Kuyafana njengoba kunjalo manje. Siphila emahoreni okugcina osuku lokugcina.

<sup>151</sup> Isayense ithi yimizuzu emithathu nce kushaye iphakathi nobusuku. Ngicabanga ukuthi kuleyithi kunalokho manje, cishe impela noma ngasiphi isikhathi. Ubukhomanisi buchushe izwe, nabashumayeli sebelandele ubukhomanisi esikhundleni sikaKristu. Kubukeka nje njengokuphuma bezama ukukugxeka lokho, aniliboni ngani ihora esiphila kulo na? Ubukhomanisi, asina... He, he! Angibesabi ubukhomanisi. NgukuFika kweNkosi okuzonibamba ningalungele, yilokho okuyikho, ebandleni. Manje makuthi wonk’umuntu, makuthi yonke iMelika iphendukele kuNkulunkulu, bese ibhekisisa ukuthi kwenzekani kubukhomanisi. Nizodingeka nisithole isifo, bese-ke nithola iselapho.

<sup>152</sup> Manje, wonk’umuntu ahloniphe, sizani ningayaluzi. Manje, bangaki phandle lapho ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi ufuna uNkulunkulu akuphilise, phakamisa isandla sakho nje, uthi, “Ngi—ngi—ngi—ngiyakholwa.” Akunandaba ukuthi ukuphi.

<sup>153</sup> Manje bukani, ngicabanga ukuthi *lena* iyaphila, [UMfowethu Branham uqhwebabaza futhi uphethela kwimayikrofoni—Umhl.] *lena*. Kulungile. Uma une... Niyangizwa emuva lapha na? Kulungile. Kulungile. Manje ibhekisise, Mfowethu Roy.

<sup>154</sup> Manje, iZwi elilodwa elivela kuNkulunkulu lizosho lukhulu kunakho konke ebengingakusho.

<sup>155</sup> Manje, njengokubuka lapha, kul’khuni, lokhu—lokhu kwakuhlala njalo kunjalo. Niyabo, izibani zisebusweni benu ngqo, futhi kuthi ukuba l’khuni ukubona khona lapho ukubona abantu.

<sup>156</sup> Futhi angazi. Angiboni namunye umuntu, empeleni, engingabona manje engimaziyo. Nibangaki eniyizihambi kimi, phakamisa isandla sakho, owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe. Ngiqagele kundawo zonke. Bangaki emgqeni womkhuleko owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe, phakamisani izandla zenu. Konke ngasemgqeni womkhuleko lapho, uma ningahle ningizwe, phakamisani izandla zenu uma—uma ngiyisihambi. Nonke.

<sup>157</sup> Manje Uyini na? UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Lowo wesifazane owathinta ingubo yaKhe, angahle ukuba wayengenalo ikhadi lomkhuleko, naye, kodwa waMthinta futhi, ngenkathi ekwenza, khona into



eyenzekayo. Manje thintani ngendlela efanayo, Mthinteni. Bangaki owazi lawomaHeberu, isahluko 4, athi, “Manje UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu?” Bangaki abakwaziyo na? Awu, Ubengasiveza obala isimilo sesimo saKhe na? Uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade, Ubeyokwenza. Kulungile. Manje, ngabe lena yi. . .

<sup>158</sup> Mfowethu Pearry, balethe kimi manje. Manje ngifuna wonke umuntu ahloniphe ngempela. Khona lapha, khona lapha nje, dade.

Manje, niyangizwa na? Manje, angazi. Bhekisisani noma ngabe ubani oku—kunjiniyela lapho, ngoba angazi ukuthi kanjani.

<sup>159</sup> Umbono. Manje, khumbulani, angisuye uMesiya, angisuye uKristu. Kodwa Ulapha. Yilokho engizama ukunitholela ukuba nikubone, Ulapha, Ugcina iZwi laKhe.

<sup>160</sup> Manje, uma lona wesifazane egula, angazi. Angimazi. Mdala kunami. Mhlawumbe ngokuzalwa sishiyana ngeminyaka, futhi sishiyana ngamamayela, lokho kungokokuqala kithi ukuba sibonane.

<sup>161</sup> Manje, lokho kufana nje neNkosi yethu ibonana nowesifazane, kuJohane oNgcwele 4. Ngizama ukukwenza kucace kakhulu kungenzeki ningakuboni, manje-ke, eNkantolo yokwaHlulelwa, akukho-gazi ezandleni zami ngalolosuku. Manje, uJesu wethembisa ukuthi ngemihla yokugcina lokhu kwakuzokwenzeka futhi. Njengoba sihamba iviki lonke, nizothola. Yisithembiso.

<sup>162</sup> Manje, angilazi inenekazi, lona ngowesilisa nowesifazane bebonana okokuqala. Manje, uma iNkosi uJesu ezokwembula kimi ukuthi ungani lapha, noma omunye umuntu, noma wenzani, noma yini engalungile kuwe, noma wenzeni, uma kungezimali, ezasekhaya, noma ngabe kuyini, kuzofanele kuvele kwamanye aMandla angaphezu kwemvelo, ngoba angikwazi. Bangaki abazofakaza kulokho, ukuthi kuzofanele kuze ngaMandla angaphezu kwemvelo na? Manje, ungadlala njengomFarisi, uthi kuyi. . . (Ngakwelinye icala, Mfowethu Roy, uyabo.) Ningadlala njengabaFarisi, futhi nithi, “Ngumoya omubi,” abaningi abakwenzayo. Lokho kuphakathi kwakho noNkulunkulu, ke. Khona-ke ninomvuzo wabo. Kodwa uma nithi, “NgakaNkulunkulu,” khona-ke ninomvuzo waKhe. (Manje, lokho kungcono. Ngiyabonga.)

<sup>163</sup> Manje ngibheke nje umzuzu. Njengoba uJesu athi. . . Njengoba uPetru noJohane bedlula esangweni elithiwa Lihle, bathi, “Ngibheke.” A—angikwazi. Futhi manje uma uMoya oNgcwele, Omuny’umuntu ngaphandle kwami, uzofika bese embula okusenhliziyweni yakho, khona-ke iBhayibheli lathi, “IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika-nhlangothi zombili, uMahluleli wemicabango, izizindlo zenhliziyoyi.” Yilokho

impela iBhayibheli elikushoyo. Manje, lokho kwembula-ke imfihlo yenhliziyu. Manje, lokho bekungaba yisimilo sesimo sikaNkulunkulu, iZwi libonakaliswa ngalolusuku. Bangaki okukholwayo lokho manje na? Kulungile. E-hhe. Manje niyabona ukuthi kuyini na?

<sup>164</sup> Manje ngikushumayelile, nganitshela ngakho, kodwa ngabe kuyiqiniso na? Leyo yinto elandelayo, niyabo. Manje, uma kuyiqiniso, nonke... Uma kungesilo iqiniso, yena uzokwazi. Impela, uzokwazi. Nizokwazi, nani. Kodwa uma kungesilo iqiniso, khona-ke ngi—ngi—ngifakaze okuyiphutha ngoKristu. Uma kuyiqiniso, ngamunye wenu nifanele ninikele izinhliziyu zenu kuYe, nifanele niMkholwe ngayo yonke inhliziyu yenu, bese nifinyelela phezulu bese niMemukela ngalokho enikudingayo. Lelo yiqiniso.

<sup>165</sup> Manje kwangathi uMoya oNgewele ungazikhomba Wona uqobo eGameni likaJesu Kristu. Manje, anginalwazi ukuthi ungani lapho. Ubukeya nje njengobukeka emuhle, owesifazane sengathi ungumama umi lapho, futhi yilokho kuphela engikwaziyo ngawe. Kodwa uMoya oNgewele ungembula ukuthi ungani lapha, ukuthi iyini inkathazo yakho, noma okuthize. Uzokwazi ukuthi ngabe kuyiqiniso noma qha. Manje, wena u, okuyikhona okufunela umkhuleko, yinto enjengemisipha ebusweni bakho. Ngukuguliswa yimizwa, okufana nakho, ebusweni bakho. Manje, uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uyakholwa na?

Manje, manje ungahle uthi, “Ukuqagelile nje lokho.”

<sup>166</sup> Manje, ungumuntu okahle. Manje, bheka lapha nje umzuzu, dade. Angazi ukuthi Ukutsheleni. Kodwa noma ngabe bekuyini, bekuyiqiniso. U—ungufakazi walokho manje, awusuye na? [Udade uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] Kunjalo. [“Sekuyiminyaka engamashumi amabili.”] He! Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa ngalokho na? Manje, uyazi ukuthi KunguBukhona baKhe, kuNento ethize lapha ekwaziyo, Into ethize. Njengoba uJesu akho kowesifazane, Wayazi ukuthi inkathazo yakhe yayikuphi, manje Ubazi ukuthi inkathazo yakho ibikuphi.

<sup>167</sup> Futhi kubonakala sengathi uthwalele omunye umuntu. Ngeyakho. . . Yindoda, ngumyeni wakho. Ulapha, naye. Kunjalo. Futhi—futhi uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angayembula inkathazo yomyeni wakho kimi na? [Udade uthi, “Yebo, ngiyakholwa.”—Umhl.] Uyindoda egula ngempela, unezifo ezelakanyanayo. Into eyodwa emkhathazayo, yinkathazo yenhliziyu. Unenkathazo yenhliziyu. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. [“Kunjalo.”] Unesibhono futhi. [“Kunjalo.”] Kunjalo. Uyabo? Kunjalo na? Ya. Unokwethuka ngempela, ya, unokwethuka ngempela. Lelo yiqiniso, akusilo na? [“Yebo.”]

168 Uma uJesu ezokwembula kimi! Watshela uPetru ukuthi wayengubani. Uma Ezokwembula kimi ukuthi ungubani, uzokholwa ukuthi nguYe na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Awusuye owalapha. [“Qhabo.”] Ungowasempumalanga kwalapha, ungowaseLouisiana. [“Kunjalo.”] Lokho kunjalo. Kunjalo. Negama lakho unguNkk. Coleman. [“Kunjalo.”] Buyela ekhaya, uJesu Kristu uyakusindisa. Ukukholwa kwakho kwenza ukuphiliswa kwakho.

169 Manje kholwani. Niyakholwa ngayo yonke inhliziyoyenu na? UJesu Kristu ezikhomba Yena uqobo ekuvukeni kwaKhe! Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Manje, noma ubani onomqondo ojwayelekile, uyazi ukuthi akukho sidalwa esingumuntu esingenza lokho.

170 Manje, nina khona lapho, shonini kuNkulunkulu kanje, “Ngi—ngi—ngiyazi indoda ayingazi, ngakho ngizokhulekela into ethize. Nkosi, ngingayithinta ingubo yaKho na? Uma kuyikho, khona-ke Wazikhomba Wena uqobo ekuvukeni kwaKho. Phenduka, mangiKuthinte, bese-ke Ukhuluma ngayo kimi.” Nibone ukuthi kwenzekani. Kuzameni nje.

171 Sawubona, mnumzane? Ungeza ngapha usondele kakhudlwana nje na? Kunabantu emuva ngemuva kwakho lapho, uyabo.

172 Yonk’into manje, kuyibo bonke abenu—bonke omoya, kunjengokuqaqamba nje. Uyakubamba, uyabo, futhi kwazi ukucabanga kwabo, futhi kuthola, uyabo, uthola konke ukuxoveka.

173 Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uyakholwa ukuthi uKristu angembula kimi ukuthi unгани lapha na? Khumbula, sizobonana eNkantolo yokwaHlulelwa ngoluny’usuku futhi sizilande ngokwalobubusuku. Uyakwazi lokho na? Inkathazo yakho, enye yazo, iseqolo lakho. Unezinkathazo eziningi. Unenkathazo yeqolo. Namehlo akho ayahamba, unenkathazo yamehlo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Manje, futhi wenza into ethize ofuna ukusuka kuyo. Kulungile kimi ukuba ngiyisho na? Ufuna ukuyeka lokho kubhema. Ne—nenye into, ubune... uyezwa ukuthi leyo yinto ekuvimbelile ekwamukeleni uMoya oNgcwele. Manje ufuna ukwemukela uMoya oNgcwele, leso yisifiso enhliziyweni yakho. Kunjalo, vayizela ngezandla zakho *kanje*. Awu, sekusukile kuwe manje, hamba, yemukela uMoya oNgcwele, futhi uphiliswe. UNkulunkulu akubusise, mnumzane.

174 Niyakholwa na? Manje sizani hloniphani ngempela. Manje sesibaleiyithi ngempela, hlalani nje nithule umzuzwana.

175 Sawubona? Siyizihambi omunye komunye. [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] INkosi uJesu isazi sobabili. Manje ungesabi, uyabo, uluhlobo olu...Uyabo, phumula nje, NguBukhona

baKhe. Uyabo, yibo. NguBukhona baKhe. Manje unokuzwa okuxakile ngempela, okuyinqaba, okuthe nje ukuba mnandi, ukuzwa okufana nokuzithoba. Uyabo? Manje, ukuma ebukhoni bomuntu bekungekekwenza uzwe ngaleyondlela.

<sup>176</sup> Bangaki abake babona lokho kuKhanya, leyoNsika yokuKhanya, uMlilo na? Kwathwetshulwa khona lapha eTexas, okokuqala, okwesibili. Kulenga ngakowesifazane ngqo, niyabo, kulelizinga lendawo manje. Ngifisa sengathi nje beninga . . . uma nje nibona.

<sup>177</sup> Uma u. . . Unganyakazi;, kwenziwa yilokho-ke, uyabo. Kusasa ebusuku sizoba nalomugqa womkhuleko ngelesishiyagalolunye nqo, niyabo, ngi—nginhlalisa isikhathi eside kakhulu. Asithathe lona wesifazane oyedwa, ke. Umzuzu nje.

<sup>178</sup> Uyakholwa, uhlezi lapho na? Yebo, okwalobo buthakathaka okhathazwa yibo, yilokho okungalungile. Uyabo? Uthinteni na? Angimazi owesifazane. Uthinte umPristi oMkhulu. Kodwa, uyabo, bengimfulathele, njengoba nje kwenza ngesikhathi sika Abrahama. Lapha, bheka ngapha, dade, umzuzu nje. Ubonakala sengathi unomthwalo enhliziyweni yakho. Yiwo. Yindodakazi yakho emuva lapho. Inenkathazo ngezindlebe zayo. Kunjalo. Uyakholwa manje ngayo yonke inhliziyi yakho na? Kulungile, kholwa nje manje, futhi izosinda.

<sup>179</sup> Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? “Uma ukholwa, konke kuyenzeka.” Niyakholwa na?

<sup>180</sup> Kunenekazi elincane elithathe isandla salo lasehlisa emuva lapho, lingibuka ngqo. Liphethwe yisifo sikashukela. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzosiphilisa lesosifo sikashukela, uhlezi phansi lapho na? Kulungile, ungaba nakho okucelayo, khona-ke. Kholwa nje.

<sup>181</sup> Inenekazi laphaya ukusuka kuwe, linenkathazo yeanzi nenkathazo yesinye. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa lokho, akwenze kusinde lokho na? Kulungile, ungaba nakho okucelayo. Isandla senenekazi elincane. Niyabo, manje bukani, libuzeni nje, Into ethize emnandi ngempela ilishayile. Niyabo, ukukholwa kwalo, kwenziwa yilokho-ke. Akusimi. NguNkulunkulu.

<sup>182</sup> Lapha, nansi indoda ihlezi khona lapha ekugcineni. Inenkathazo yesifo sokucinana kwemithanjana yomoya emaphashini, lendoda esikhulile ihlezi khona lapha ingibuka. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa lokho, mnumzane na? Lowo ohlezi eceleni kwakho uphethwe isifo esithelelwanayo emzimbeni wakhe. Kunjalo, dade, vayizisa iduku lakho uma lokho kunjalo. Kulungile. Kulungile, nonke bekani izandla phezu komunye nomunye, kholwani ngazo zonke izinhliziyi zenu. Ubaba nendodakazi, ngakho kungani na? Bekani izandla

zenu phezu komunye nomunye futhi nikhholwe ngayo yonke inhliziyu yenu, uJesu uyaniphilisa.

Ngi—ngiphosela inselelo ukukholwa kwenu ukuba nikukholwe!

<sup>183</sup> Inenekazi elihlezi emva kwayo ngqo lapho, liphethwe yinkathazo yesisu. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, nenekazi na? Leyo yinkathazo yakho. Uma lokho kunjalo, yima ngezinyawo zakho ukuze abantu bakwazi ukubona. Niyabo? (Ubani abamthintayo khona lapho na?) Ake nisho, angiphaphalazi, nango umama wakho ehlezi eceleni kwakho lapho. Unesifo esithelelwanayo ezibilini zakhe. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa lokho, nenekazi na? Sukuma, futhi, futhi uphiliswe.

<sup>184</sup> Kholwani! Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Uzikhomba Yena uqobo. Niyangikhholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma incekuna na? Lokho kukhuba abantu, ukuthi “umprofethi,” abaqondi.

<sup>185</sup> Buka lapha. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyu yakho na? Uphethwe ukwethuka okukhulu ngokuxakile. Uyakholwa ukuthi ngingakutshela ukuthi kwabangelwa yini na? Waba nengozi yemoto. [Udade uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] Kunjalo. Kunjalo, ukufihlizwa yimoto, futhi kulimaze iqolo lakho futhi kwangena ehlonbe lakho. Kunjalo na? Sekuzosuka kuwe manje. Isikhathi sokuphila nje ebesikukhathaza futhi, kusizamazamisa, kodwa uzoba kahle. Hamba, kholwa ngayo yonke inhliziyu yakho. UJesu Kristu uzokusindisa, uma uzokholwa. Amen.

<sup>186</sup> Uyakholwa na? Uyakholwa ukuthi Angasiphilisa isifo samathambo na? Awu, qhubeka-ke nje uhamba, Uzokusindisa.

<sup>187</sup> Bangaki okholwayo ngayo yonke inhliziyu yakho, thanini, “Ngikhholwa ngeqiniso ngayo yonke inhliziyu yami?” “Uma ukholwa!”

<sup>188</sup> Uyakholwa ukuthi Uyaselapha isifo sikashukela futhi enze abantu basinde, abanesifo sikashukela, futhi abasindise na? Uyakhukholwa na? Qhubeka nje nokuhamba, uthi, “Nkosi, ngiyaKubonga ngakho.” Kholwa ngayo yonke inhliziyu yakho, futhi uzophiliswa.

<sup>189</sup> Bangaki okholwayo khona lapho manje, ngayo yonke inhliziyu yakho na? Ninga, niyabo, niyayaluza, niyaKuphazamisa, bangani. Ngizonitshela, bangaki okholwayo na? Phakamisa isandla sakho nje, uthi, “Ngiyakholwa ngayo yonke inhliziyu yami.”

<sup>190</sup> Manje ngizonicela ukuba nenze into ethize. Manje, uma uJesu egcine iZwi laKhe, futhi uyalikholwa lelo, futhi ukufakazisile kini, uJesu futhi wakusho lokhu, ukuthuma kwaKhe kokugcina eBandleni laKhe, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhholwayo.” Manje bangaki okholwayo

na? Wathi, “Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda.” Niyasikholwa lesosithembiso na? Khona-ke bekani izandla zenu phezu komunye oseceleni kwakho.

<sup>191</sup> Uma Engakuphilisi, uzofa. Usibekelwe yithunzi. Kodwa uJesu Kristu uyakusindisa. Uyakukholwa na? Kulungile, beka esakho. . . qhubeka futhi ukholwe manje, futhi uzosinda.

<sup>192</sup> Woza nenekazi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphilisa leyoTB nesifo sikashukela, akusindise na? Thatha. . . Kulungile, hamba, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi usinde.

<sup>193</sup> Nikhuleka, niyakhulekelana na? Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, asikhuleke nje, kanyekanye. Wonk’umuntu bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Kuya ngokuba leyithi. Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, futhi asikhuleke.

<sup>194</sup> Nkosi Jesu, impela siqinisekile ukuthi uNkulunkulu uzikhomba Yena uqobo phakathi kwabantu baKhe. Izimilo zezimo zaKhe, njengonguyena izolo, namuhla, naphakade, bezibonakalisa bona uqobo. O Nkosi Nkulunkulu, Wena Owenza isithembiso seZwi, Wena wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda.” Lababantu usevumile ukuthi bangamakholwa, amakholwa kuJesu ovukileyo Ozikhomba Yena uqobo manje ngesimilo sesimo saKhe esifanayo Ayeyiso ngenkathi Elapha emhlabeni, enza imiBhalo ibe yiQiniso ngokuvumekayo, ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Nkosi Jesu, nalamakholwa nezandla zawo ziphezu komunye nomunye, eBukhoneni bobuNkulunkulu bevukileyo, iNdodana kaNkulunkulu ekhonjiweyo Eyenziwe inyama phakathi kwethu futhi kulobubusuku enyameni yamakholwa aKhe, ngiyala konke omya abangcolile, konke ukugula nesifo, ukuba kusuke kulababantu, njengoba lamakholwa ebeke izandla zawo phezu komunye nomunye. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi kungaba njalo.

<sup>195</sup> Wonke lowo ozokholwa ukuphiliswa kwenu manje, okukholwayo lokho khona manje, eBukhoneni obukhonjiwe beNdodana kaNkulunkulu evukileyo, ukuthi niyakholwa ukuthi ninesicelo senu ninikwa sona, futhi nizokhomba into efanayo, yimani ngezinyawo zenu futhi nithi, “Ngiyakwemukela ngayo yonke inhliziyo yami.” Sukumani, wonk’umuntu, eBukhoneni bukaJesu Kristu, ozokholwa. Mdumiseni! Mnikeni udumo nenkazimulo. Phakamisani izandla zenu nje futhi niMnike ukubonga. UNkulunkulu uzoqinisa zonke izithembiso Azenza.



*UNKULUNKULU UKHONJWA NGEZIMILO ZAKHE* ZUL64-0311  
(God Is Identified By His Characteristics)

LoMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesithathu kusihlwa, ngo Mashi 11, ngo 1964, eMunicipal Auditorium eBeaumont, eTexas, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2017 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)